



January 2015, Vol. 18, No.1

Asilusebenziseni ulwazi esilutholile



Ibhalwe ngu: Patrick Ngcobo

Izifundo zabalimi ezenziwe kwizifundamshini ezehlukene zibe im-pumelelo enkulu. Abalimi bebefundiswa ngalokhu okulandelayo:



1. Ukunqanda ukhula emasimini.

2. Ukulubulala ngezibulala-khula ezifanele.



3. Urukulwa kwamanzi azoxutshwa nesibulala-khula emphongolweni.

4. Ukuqhathanisa izindleko zokuhlakula nokuse-benzisa izibulala-khula.



Abalimi befundiswa ngokubulala ukhula.



OKUQUKETHWE

Izilinganiso zomoba: Iphutha ongalenza ensimini ngenkathi wenza izilinganiso linganyusa intengo kashukela esi-tolo.



Ubudlelwano nosonkontileka: Kubalulekile ukwenza kahle umsebenzi ukuze sizuze sonke.



Abeluleki bakwa-SASRI: Yazi umeluleki oseduze nawe ukuze ungasali uncela izithupha.

Asikhulume Mlimi

Umubuzo: Siyabonga ngosizo lwabezolimo ngezinkulisa mbewu zizoba lusizo kakhulu, imbewu esezingeni siyayeswela kakhulu lapha eMakhathini size siyilande eMkhuze noma oPhongolo okugcina kusilimaza kakhulu ezimalini. Sizozama ngokusemandleni ukuzigcina zisizingeni elihle, kodwa sinesicelo besingathokoza ukuba zandiswe izinkulisa mbewu mhlawumpe kutshalwe amah-heka amane(4) ukuze abalimi basizakale ngokushesha. *uMnu. Siyaya, uMlimi waseMakhathini.*

Impendulo: Kuhle ma nizamukela sethembe zizoba lusizo kubalimi siyakuthokozela uku-sebenza ngokusizana nabalimi ukuze basizakale. Sengibusela esicel-wenisakho sokwandiswa kwezinkulisa mbewu, ayikho inkinga Baba sizo-faka isicelo sakho kum-nyango sizwe bathini. *uMnu. Zikhali, uMeluleki wezolimo eMakhathini.*



uMnumzane uSiyaya noMeluleki uZikhali ensimini

Izilinganiso Zomoba



Kungani kumele senze izilinganiso zomoba (estimates) esizowuhlahla?

Nazi izizathu ezenza senze izilinganiso zomoba esizowuhlahla noma umlimi okudingeka akwazi.

Okumele ukwazi mayelana nensimu (field)	Okumele ukwazi mayelana nepulazi lakho (farm)	Okufunwa ukwaziwa wumshini noma isigayo somoba	Okufunwa ukwaziwa yimboni kashukela (Sugar Industry)
<p>Isivuno:</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ngabe sisekhona? • Kumele ngilungise ihlumela (ratoon)? • Noma ngabe kumele insimu ngiyitshale kabusha? 	<ul style="list-style-type: none"> • Indawo ezohlahlwa • Amathani azohlahlwa • Uhlelo oluzolandewa lokuhlahla (harvesting programme) • Ihlumela elizodinga ukunakekwa • Indawo ezodinga ukutshalwa kabusha • Imali yokuseenza ipulazi • Uhlelo olusho ukuphuma nokungena kwemali epulazini 	<ul style="list-style-type: none"> • Umoba ozogaywa ngo-nyaka (total crush) • Isigayo kumele sigaye isikhathi esingakanani (season length) • Isigayo kumele sihambe noma sigaye kangakanani (crushing rate) • Umlimi kumele afake umoba ongakanani ngo-suku (daily allocation) 	<ul style="list-style-type: none"> • Izimali okumele zikhokhwe abalimi (levies) • Inani noma isamba sikashukela okumele sidayiswe ngaphakathi ezweni (local sales) • Inani likashukela okumele lithengiswe ngaphandle • Intengo kashukela (cane price)

Zimbili izindlela zokwenza izilinganiso ensimini

Eyokuqala (Igxila kubungako kanye nesindo sezingoqo)

- Lena indlela eshaya emhloeni yokwenza izilinganiso. Bala ubuningi bezingoqo emitheni ngalinye (lokhu kwenze ezindaweni eziyi-5 ezah-lukene ensimini) isib. asithi zili-14 izingoqo emitheni ngalinye kanti isisindo esiphakathi ngamakhilo ali-0.8 ngasinye (thola isisindo sezingoqo ezili-14 bese wehlukanisa ka-14).
- Uma ukugqagqana kolayini noma kwemigqa yomoba kulimita elilod-

wa (1m) kusho ukuthi imigqa ehhekeni ngalinye iyizi - 10 000m (10 000 ÷ 1). Uma ukugqagqana kwemigqa kulimita elilodwa nezigamu ezimbili (1.2m) kusho ukuthi imigqa ehhekeni ngalinye iyi- 8333m (10 000 ÷ 1.2).

• Manje, izingoqo ezili-14 emitheni ngalinye × 10 000 yemigqa ehhekeni kusho ukuthi kunezingoqo ezi - 140 000 ehhekeni ngalinye.

• Ngaleyondlela, isivuno somoba esilinganisiwe sizoba:

$$140\ 000 \text{ wezingoqo (ngehheka)} \times 0.8\text{kg (isisindo sogoqo ngalunye)} = 112\ 000\text{kg noma amathani ali-112 ngehheka (112t/ha).}$$

• Uma ngabe isilinganiso somoba omile senziwe ngenyanga kaNdasa (March) kodwa insimu kuhlelwu ukuba ihlahlwe ekupheleni konyaka kusho ukuthi ukukhula okulindelekile inyanga nenyanga umoba ungakahlahlu, kumele kwengezwe kwisilinganiso ezenziwe ngo Ndasa.

Isibonelo:

- Uma insimu inezinyanga eziyi-8 ubudala kuqagulwa ukuthi umoba omile ungamatani angama-50, kodwa uzohlahlwa ekupheleni kukaLwezi (November) usunezinyanga ezili-16

ubudala, kusho ukuthi isivuno esilindelekile ngesikhathi sekuhlahlu endaweni ekhiqiza ngokujwayelekile ingabalwa ngalendlela elandelayo:

- 50 (Ndasa) + 6 (Mbasu) + 3 (Nhlabu) + 2 (Nhlangulana) + 1 (Ntulikazi) + 1 (Ncwaba) + 2 (Mandulo) + 3 (Mfumfu)
- + 6 (Lwezi) **74tc/ha**, lesi isilinganiso sesivuno esingatholakala kwihheka ekupheleni kuka Lwezi uma insimu isihlahlu.

Eyesibili (Ayigxili kubungako bezingoqo kanye nesindo sazo)

Lendlela ayishayi emhloeni njengalena engenhlala kodwa iyashesa futhi ingelula kakhulu ekuqagulen. Lokhu kungenziwa ngokukala ubude bogoqo olodwa kusuka emhlabathini kuya ekhanda lomoba (ithophisi selisusiwe). Ubude obutholile ngokusebenzia ibhande lokukala (tape measure) hlu-kanise kabili impendulo oyitholayo kobe sekuyisilinganiso sesivuno okungamatani ngehheka.

Isibonelo:

- Ubude bogoqo – 80cm (thatha ugoqo oluphakathi nendawo ngobude ensimini)
- Hlukanisa lobude kabilu – 40cm (80 ÷ 2)
- Isilinganiso samatani ngehheka ngokwalesi bonele **40tc/ha**, ngenkathi yokwenziwa kwesilinganiso
- 40 ((Ndasa) + 6 (Mbasu) + 3 (Nhlabu) + 2 (Nhlangulana) + 1 (Ntulikazi) + 1 (Ncwaba) + 2 (Mandulo)) **55tc/ha**
- Ukuze ufinyelele kwisilinganiso esiphelele sensimu ngayinye, phindaphinda isilinganiso somkhiziso wehheka ngobungako bensimu ngayinye.

Inte ebalulekile nevezwe izona zombili izindlela ukuthi umlimi kumele awahambele amasimu futhi asebenzise ukukhula okulindelekile **okuphakathi nendawo (±5)** njengoba kukhonjiswe **kwitafula elisekhasini elilandelayo esandleni sokudla**.

Abalimi bayanxuswa ukuba baqinisekise ukuthi bayazenza izilinganiso ukuze kungabi nokuphazamiseka kwezinhelelo zokuthuthwa nokugaywa komoba okungaholela ekutheni kube nomoba ovaleleka ngaphandle.

Zenziwa nini izilinganiso?

- Izilinganiso zokuqala zenziwa ku-sukela ngoNhlanja (February) noma ngoNdasa (March) kuya kuMbasu (April) kodwa kuya ngokuthi umshini noma isigayo sikamoba sizovulwa nini.
- Izilinganiso zanyanga zonke zenziwa kusukela kuNhlabu (May) kuya kuNcwaba (August) (uma izilinganiso zilungiswa akumele zibe ngaphansi noma ngaphezulu kuka 5%).
- Izilinganiso eziyisiqinisekiso zidingeka ngoMandulo (September).
- Bese kuthi izilinganiso zokugcina zidingeka ngasekupheleni kwesizini yokugaya.

UMKHIQIZO

Ukukhula komoba okulindelekile ngenyanga ngendlela eyejwayelekile

Inyangi	Ukukhula kwamatani omoba/ngeheka/ngenyanga				
	3 wamatani (kuphansi kakhulu)	4 wa-matani (kuphansi)	5 wamatani (kuphakathi nendawo)	6 wamatani (kuphezelu)	7 wamatani (izinga eliph-ezulu kakhulu)
Mbasa	4	5	6	7	8
Nhlaba	1	2	3	4	5
Nhlangulana	0	1	2	3	4
Ntulikazi	0	0	1	2	3
Ncwaba	0	0	1	2	3
Mandulo	0	1	2	3	4
Mfumfu	1	2	3	4	5
Lwezi	4	5	6	7	8
Zibandlela	6	7	8	9	10
Masingana	7	9	10	11	12
Nhlolanja	7	9	10	11	12
Ndasa	6	7	8	9	10
Isamba	36	48	60	72	84

Kunamthelela muni uma umlimi engazenzanga izilinganiso?

- Ngokwesigayo
 - › *Sizogaya singazi ukuthi sizovala nini.*
 - Ngokukasonkontileka
 - › *Akulula ukuhlela uhlelo lokusebenza oluyilo (Izinsiza kusebenza).*
 - Ngakumlimi
 - › *Ukulibaziseka komoba womlimi okudala ukusala komoba emasimini.*
- Uma izilinganiso zabalimi zikhomba ukuthi kuzoba nomoba ongaphansi kwalesiskalo ozolethwa esigayweni, umgayi ube esenciphisa isikhathi umshini ozovulwa ngaso bese esheshe evale. Uma kulindeleke umoba omuningi kunesikalo sesigayo, kwensiwa izilinganiselo (adjustment) kwindlela umoba ogaywa ngayo ukuze kugaywe umoba omuningi ngesikhathi. Okunye ke okungenzeka ukuthi umoba uthunyelwe kwesinye isigayo esikuleyo ndawo. Lokhu kubizwa ngokuthi i-Diversion of cane. Umoba ongeke ugayne kulesosikhathi sonyaka noma kulowo nyaka uyaye udluliselwe onyakeni olandelayo. Lokhu sikubiza ngokuthi i-Carry-over cane.

Qinisekisa ukuthi wenza izilinganiso ngendlela efanele, ngoba lokhu akubi nomthelela kuwena mlimi kuphela kodwa kuba nomthelela kwimboni yonke. Ukuthola ulwazi oluthe xaxa ungafundu INGEDE yango Masingana (January) 2013/14.



Ibhalwe ngu: Thulani Masondo

OSONKONTILEKA NOKUHLAHLWA KOMOBA



Ngubani usonkontileka?

Usonkontileka kungaba yinoma ubani ongaphansi kwemboni kashukela ozi-misele ngokusebenza nabalimi ngaphansi kwezivumelwano ezithize.

Ukubaluleka kwezilinganiso kusonkontileka

Zimsiza ekwakheni uhlelo oluqondile lokusebenza. Usonkontileka uphinde akwazi ukuhlela kahle izinsizakusebenza ngesikhathi sokugaywa komoba. Uyakwazi nokubona ikusasa lomsebenzi akuwo ukuthi umkhiqizo uehla noma uyenyuka, futhi yena angangenelela kanjani lapho.

Bangazihlela kanjani osonkontileka?

Kumele babeyinhlangano, babe nomthetho sisekelo wokusebenza bese behetha namalunga azobamelia kwiKomiti Lesigayo Somoba (Mill Cane Committee) ukuze kube nokuxhumana okuhle nokusheshayo phakathi kwabaliyi nabadonsi.

Abadonsi kumele babe nezivumelwano ezibhalwe phansi nabalimi zezinga lokusebenza (umdoni kumele afake umoba womlimi emshinini zingakapheli izinsuku ezintathu umoba ushisiwe noma uhlahlifi, umlimi yena kulindeleke

ukuthi ahlahlise umdonsi umoba onamathani nophilayo hhayi umoba ogcwele ukhulu nensimu enezisini engenamoba).

Umsebenzi ozokwenziwa kumele uhlelwe ngokubambisana ne MCC ngalendlela elandelayo:

- Makubhekwe umoba ozohlahlwa kuqala (onesihlava, osulungele ukungena esigayweni kanye noshe ngephutha).
- Kumele bonke abeluleki, ozihlalo bezigceme kanye ne MCC bavumelane nographolo oluzolandewa lokusebenza.
- Uhlelo lomsebenzi bese lulandewa ngama Zone Clerks njengoba kuvunyelwene kwi MCC.

Izinto okumele uziqikelele uma ungumdonsi noma ungena ebhizinisini lokudonsa.

- Umoba omuhle onamathani anele ukuthi umsebenzi uqhubekele phambili.
- Iba nezisebenzi eziwaziyo umsebenzi.
- Iba nemishini ezokwazi ukwenza umsebenzi.
- Qikelela ukuthi imigwaqo namabhalohlo alungele imishini yakho.
- Amazoni mawabe seduzane.
- Iba nemali yokwenza umsebenzi .

Ngasosonke isikhathi kusemqoka ukuthi abadonsi bagcine imishini yabo iseizingeni lokusebenza ukuze izinga lokufa kwayo libephansi, ukuze umoba wabalimi ungabambezeleki ukungena esigayweni.

Imishini kumele iseviswe ngaphambi kokuthi umsebenzi wokudonsa uqale ukuze sigweme inkinga yokuthi njalo nje uma kuvulwa isigayo sihluleke ukufaka umoba ngoba lokhu kugcina sekufaka incindezi esigayweni yokuthi sigcine silahlekelwa yimali ngokugaya umoba omncane kunalona okusuke kulindeleke ukuthi siwugaye.

Umlimi unguMlimi ngo-Sonkontileka, uSonkontileka
unguSonkontileka ngoMlimi,

"SIYADINGANA"

Akekho odinga omunye kakhulu kunomunye

Asihloniphane, sinikezane indawo, sonke sinamalungelo



Ibhalwe ngu: Thulani Masondo

Uhlelo Lomsebenzi Lonyaka

Kwinsimu nensimu yomoba, kune misebenzi eyahlukahlukene okumele yenziwe kuyo unyaka nonyaka noma kwisizini ngayinye.

Yonke imisebenzi ezokwenziwa kumele iqoshwe phansi ukuze kubo nokukhumbuzeka ngasosonke isikhathi ngokumele kwensiwe ngokwezikhathi ezahlukene.

Inqubo elandelwayo uma kwakhwa uhlelo lomsebenzi:

- Qopho phansi yonke imisebenzi okudinga yensiwe kwinsimu ngayinye epulazini
- Hlanganisa imisebenzi yensimu ngayinye ukhipe imisebenzi yepulazi noma yamasimu akho onke ndawonye.

Ukuze usizakale ekuqagulen i misesbenzi edinga ukwenziwa ensimini, ikhalenda lakwa-SASRI lingakusiza njengoba zonke izinhlobo zemisebenzi zivila kulo noma uthintane nomeluleki wezolimo uyakukusiza kuloku.

ISIBONELO "SOHLELO LOMSEBENZI" LWENSIMI EYODWA

Inombolo noma igama lensimu: F1

Ubungako bensimu: ihheke elilodwa (1ha)

Inyanga eyatshalwa ngayo: September 2013


Mbasa (April)

- Qeqesha abagawuli
- Yakha uhlelo lokunisela



Nhlaba (May)

- Hlola umonakalo wesithwathwa emobeni



Nhlangulana (June)

- Thenga umanyolo
- Lungisa amabhande omilo
- Kuzothatha usuku olulodwa ukwenza lomsebenzi
- Uzodinga umsebenzi oyedwa kanye nomshini owodwa



Ntulikazi (July)

- Ilwa nokhula lwasebusika
- Kuzothatha usuku olulodwa ukwenza lomsebenzi
- Uzodinga umsebenzi oyedwa, izibulala-khula kanye nesigubhu ozofutha ngaso



Ncwaba (August)

- Lungisa izigubhu zokufaka umanyolo nezibulala-khula



Mandulo (September)

- Faka izibulala-khula zesikhathi eside ngoba umoba awukambozi
- Faka isikhuthazi
- Kuzothatha usuku olulodwa ukwenza lomsebenzi
- Uzodinga umsebenzi oyedwa, isibulala-khula, isigubhu ozofutha ngaso, amasaka angama-12 kamanyolo isib; 1:0:1(48) kanye nesigubhu sika manyolo



Mfumfu (October)

- Hlola ukusebenza kwezibulala-khula ezifakiwe



Lwezi (November)

- Thatha isampula la-maqabunga omoba
- Lomsebenzi uzokwenziwa ngosuku olulodwa wenziwa umsebenzi oyedwa



Zibandlela (December)

- Hlakula ngezandla
- Kuzothatha izinsuku ezine ukwenza lomsebenzi
- Uzodinga abasebenzi abane kanye namageja/namakhuba



Masingana (January)

- Akha uhla lomsebenzi lwestizini ezayo
- Yakha uhlelo lokuahlala lwestizini ezoqala
- Uzodinga amarekhodi ensimu kanye nekhala loka-SASRI



Nholanja (February)

- Yenza iziliganiso zomoba
- Kuzothatha usuku olulodwa ukwenza lomsebenzi
- Uzodinga umsebenzi oyedwa, isikali kanye nebhande lokukala ubude (measuring tape)
- Yakha uhla lokusebenzia izimali (budget)

Balance Sheet and Income Statement	
Financial Measures 12/31/2007	
Income Statement	
Gross revenue	8,500
Operating expenses	4,200
Labor (paid)	70,000
Interest expense	42,000
Depreciation expense	
Net farm income	

Ndasa (March)

- Hlela ukumisa uku-nisela
- Futha imingcele yamasimu
- Kuzothatha usuku olulodwa ukwenza lomsebenzi



• Gcina uhlelo lwensimu ngayinye noluhlanganisa amasimu onke ukuze uzikhumbuze – uma usudinga ulwazi noma iminingwane ngokuzokwenziwa kuleyo nsimu, thatha uhlelo lwayo.

• Uma unensimu eyodwa – beka obala uhlelo lomsebenzi lwensimu njen-goba lunjalo.

• Uhlelo lomsebenzi malungagcini ngokwakhwa nje kuphela bese kugcina lapho, kodwa kumele lulandewa njengoba lunjalo ngaleyondlela kuyoba nokuzuza ekugcineni.

• Uhlelo lomsebenzi luyabuyekezwu phakathi nesikhathi, kwensiwe izinguquko uma kunesidingo.




Abeluleki: SASRI

Izinguquko kwithimba labeluleki bakwa-SASRI

Nathi Hlongwa

UNathi Hlongwa usesebenzele u-SASRI iminyaka emihlanu njengoncwehpeshe kwezikamoba. Usebenza nabalimi be-Land Reform kanye nama-New Freehold, abafakela i-Maidstone, i-Gledhow kanye ne-Darnall. ISikhungo Sezocwaningo Lomoba (SASRI) sinxuse ukuba aluleke nabalimi abalima ngokuncane (Small Scale Growers). Usezotholakala ehhovisi lomnyango weZolimo elisedolobheni laseThekwini.




Sinethembu lokuthi uzowenza kahle lomsebenzi njengalokhu enamava kulomsebenzi. Wasebenza iminyako eyishumi nesikhombisa kuMnyango waZolimi kaHulumeni wabe eseshiya emuva kokuthenga ipulazi lomoba endaweni yase-Darnall. Usebenze njengomphathi walo iminyaka emihlanu wabe eseqashwa uSASRI ukulekelala abanye ozakwabo.

Ukhuluma ngento anamava ngayo sethembe nizosebenziana kahle naye kanti futhi ubevele exhumana nabanye babalimi asezebenziana nabo. Ungaxhumana naye ngezikhathi zomsebenzi kulenombolo: 082 654 3536.

Patrick Mhlonipheni Ngcobo

U-Patrick Mhlonipheni Ngcobo, obesebenza nabalimi abalima ngokuncane endaweni egudle ulwandle lwaseThekwini (Durban/North Coast), usezosebenza nabalimi base-South Coast nase-Midlands South be-Land Reform kanye nabalima ngokuncane. Lolu guquko lwenzeke mhla lulunye kuMfumfu (1 October 2014). Simfisela inhlahlia u-Patrick endaweni entsha azoyisebenza.



Abalimi bangaxhumana naye kule nombolo engezansi mayelana nezidingo zomoba: 082 655 0358

Siyababongela ngempumelolo abanayo emisebenzini yabo, sibuye sibafisele okuhle kulemikhakha emisha asebezosebenza nayo. Abalimi abathanda noma abanesifiso sokuxhumana nalabeluleki ngenhlosa yokuthola usizo noma ulwazi ngezokulima umoba, bangaxhumana nabo ezindaweni abasebenzela kuzo.

ABADIDIYELI

Bongi Bhengu, Nqobile Nxumalo, Sifiso Hlela, Joe Nkala, Patrick Ngcobo

& Sagie Doorsamy (Umhleli)

Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nangoSeptember

Imibono nemibozo: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511

Email: nqobile.nxumalo@sugar.org.za